# Government Gazette
# Staatskoerant

REPUBLIC OF SOUTH AFRICA
REPUBLIEK VAN SUID-AFRIKA

Vol. 533 | Cape Town, Kaapstad, | 26 November 2009 | No. 32744

## THE PRESIDENCY

No. 1115 26 November 2009

It is hereby notified that the President has assented to the following Act, which is hereby published for general information:—

**No. 19 of 2009: Local Government: Municipal Property Rates Amendment Act, 2009.**

## IHHOVISI LIKAMONGAMELI

Ino. 1115 26 November 2009

Ngalokhu kwaziswa ukuthi uMongameli usewuvumile loMthetho nosewuzoshicilelelwa umphakathi:—

**Ino. 19 Ka 2009: Umthetho woHulumeni baseKhaya: isichibiyelomthetho wokuKhokhwa kweNtela yeNdawo yoMasipala, wezi-2009.**

**GENERAL EXPLANATORY NOTE:**

| | |
|---|---|
| [ ] | Words in bold type in square brackets indicate omissions from existing enactments. |
| ________ | Words underlined with a solid line indicates insertions in existing enactments. |

---

*(English text signed by the President.)*
*(Assented to 24 November 2009.)*

# ACT

**To amend the Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004, so as to provide for the extension of the period of validity of a valuation roll and supplementary valuation roll that was in force before the commencement of the Act; and to provide for matters connected therewith.**

BE IT ENACTED by the Parliament of the Republic of South Africa, as follows:—

**Amendment of section 89 of Act 6 of 2004**

**1.** Section 89 of the Local Government: Municipal Property Rates Act, 2004 (Act No. 6 of 2004), is hereby amended by the substitution for subsection (3) of the following subsection:

"(3) **[This]** The operation of this section lapses **[four]** six years from the date of commencement of this Act, and from that date any valuation roll or supplementary valuation roll that was in force before the commencement of this Act may not be used.".

**Transitional arrangement**

**2.** Any action taken or performed and finalised in terms of section 89 of the Local Government: Municipal Property Rates Act (Act No. 6 of 2004), on or after 1 July 2009, shall be deemed to have been taken or performed and finalised in terms of this Act and is hereby validated and declared lawful.

**Short title and commencement**

**3.** This Act is called the Local Government: Municipal Property Rates Amendment Act, 2009, and is deemed to have come into operation on 1 July 2009.

**IZINCAZELO EZIBALULEKILE:**

[ ] Amagama acaciswe ngombala ogqamile akubakaki abayisikwele atshengisa okukhishwayo eMthethweni osebenzayo.

_______ Amagama adwetshelwe ngomugqa ogqamile atshengisa okufakelwayo eMthethweni osebenzayo.

*(English text signed by the President.)*
*(Assented to 24 November 2009.)*

# UMTHETHO

**Ukuchibiyela uMthetho woHulumeni baseKhaya: wokuKhokhwa kweNtela yeNdawo yoMasipala-2004, ukuze uhlinzekele ukwandiswa kwesikhathi sokuba negunya lohlu lwempahla ehloliwe kanye nohlu olwengezayo lwempahla ehloliwe olwaluphoqiwe ngaphambili kokuqala kwalo Mthetho kanye nokuhlinzekela izindaba eziqondene nawo.**

NJENGOBA UMISWE iPhalamende laseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika njengalokhu okulandelayo:—

**Ukuchibiyelwa kwesigaba sama-89 soMthetho wesi-6 wezi-2004**

**1.** Ngakho-ke isigaba sama-89 soMthetho woHulumeni baseKhaya: wokuKhokhwa kweNtela yeNdawo yoMasipala, sichibiyelwe ngokufaka endaweni yaso isigatshana sesi-(3) salesi sigatshana esilandelayo:

"(3) **[Lesi]** Ukusebenza kwalesi sigaba kuzofika emaphethelweni eminyakeni **[emine]** eyisithupha kusukela ngosuku okuyoqala ngalo ukusebenza kwalo Mthetho, futhi kusukela ngalolo suku nanoma yiluphi uhlu lwempahla ehloliwe noma uhlu olwengezayo lwempahla ehloliwe olwaluphoqiwe ngaphambi kokuqala ukusebenza kwalo Mthetho akumele lusetshenziswe.".

**Uhlelo lwesikhashana**

**2.** Nanoma iziphi izinyathelo ezithathiwe noma ezenziwe futhi kwathathwa izinqumo ngazo ngokwemigomo yesigaba sama-89 soMthetho woHulumeni baseKhaya: wokuKhokhwa kweNtela yeNdawo yoMasipala (uMthetho wesi-6 wezi-2004), mhla lu -1 kaJulayi 2009 noma ngemuva kwalolu suku, singakaqali ukusebenza isichibiyelo kumele zithathwe njengezenziwe ngokwemigomo yalo Mthetho futhi ngalokhu ziyaqinisisekiswa futhi zizothathwa njengezisemthethweni.

**Isihloko esifingqiwe kanye nokuqala kwawo ukusebenza**

**3.** Lo Mthetho ubizwa ngokuthi uMthetho woHulumeni baseKhaya: isichibiyelomthetho wokuKhokhwa kweNtela yeNdawo yoMasipala, wezi-2009, futhi bekulindeleke ukuba uqale ukusebenza lu-1 kaJulayi 2009.